**ISITATIMENDE SABEZINDABA**

**Tshwane, 05 kuNcwaba 2023 –** UKhomishana wakwa-SARS uKieswetter ukuqaphelile okubhalwe abezindaba mayelana nokuhlakazwa kwenkampani i-Tariomix.

Izinsolo zokuthinteka kwezisebenzi zakwa-SARS, yize zingacacile kahle, zithathwa njengezinkulu kakhulu kanti uMnyango Wokulwisana Nenkohlakalo kwa-SARS (SARS Anti-Corruption Division) wenza uphenyo ngazo. Uma kungenzeka kube ukuthi lezi zinsolo ziyiqiniso, u-SARS uzobhekana nezisebenzi lezo ngokushesha futhi kanzima.

UKhomishana uKieswetter ufisa ukusho ukuthi utsheliwe kafushane ngodaba lolo kanti uxwayisa abezindaba ngokuqagela njengoba kukhona ezinye izinto, ezimayelana nokuhlakazwa kwenkampani, okusamele ziphenywe nezingase ziholele ekuqalisweni kwezinqubo zezomthetho.

Okwamanje, uKhomishana akakwazi ukuphawula kabanzi ngaphandle kokuqinisekisa umphakathi ukuthi naluphi uhlobo lwenkohlakalo kuzobhekwana ngqo nalo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane no-SARS ku SARSMedia@sars.gov.za